



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**UKUHLOLA KUKAZWELONKE KONYAKA NONYAKA 2015  
UMHLAHLANDLELA WOKUHLOLA  
ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA  
IBANGA 2**

**ISINGENISO**

Kulo nyaka wezi-2015 Ukuhlola KukaZwelonke Konyaka Nonyaka (ANA 2015) kuzokwenziwa kuzo zonke izikole zomphakathi kanye nalezo ezikhethiwe ezizimele kusukela ngoMandulo (September) 2015. Ngalesi sikhathi bonke abafundi bamaBanga-1 kuya 3 bayobhala izivivinyo zikaZwelonke eziLimini kanye naseZibalweni. Imiphumela iyo setshenziswa ukubika ngenqubekela-phambili ehambisana nokufinyelela emibonweni eyamisa ku-*Action Plan 2015 Towards Schooling 2025*.

Izivivinyo zokuHlola ZikaZwelonke Zonyaka Nonyaka (ANA) ziyobhalwa ngethemu yesithathu, ngakhoke uMnyango wezeMfundu Emazingeni Aphansi (DBE) uhlizzeke ngomqulu ongumhlahlandlela webanga ngalinye kanye nesifundo ngasinye (soLimi kanye neZibalo) kulokho okulindelekile ukuba abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo equkethwe yikhariKhulamu yabo okungenani ngempumelelo elindelekile. Umhlahlandlela Wokuhlola kukaZwelonke koNyaka noNyaka wezi-2015 wenziwe wahambisana nokuhlelwa kweKharikhulamu abafundi abafundiswa yona kuleli zinga.

**IZINGA ELIYISISEKELO**

EmaBangeni 1 kuya 3, izivivinyo ziyogxila emsebenzini ohlelelw amathemu amathathu okuqala onyaka. Ngokwala mabanga uMhlahlandlela Wokuhlola uhlelw waba amakhalamu amathathu. Amakhono azohlolwa atholakala kwikhalamu yokuqala, ingqikithi yokuhlola esekhalameni yesibili bese kuthi amakhono ahlolwayo atholakale ekhalameni yesithathu. Kusemqoka ukuba uqaphele ukuthi uMhlahlandlela Wokuhlola kukaZwelonke koNyaka noNyaka kuka-2015 awuqondile ukuthi lokhu okutholakala kuwo yikhona kuphela okumele kufundiswe futhi kufundwe kunyaka wonke. Kunalokho, uMhlahlandlela Wokuhlola unikeza umsebenzi okungenani okumele ufundiswe kuze kuyofika ethemini yesithathu yalowo nyaka.

Othisha balindeleke ukuba bawusebenzise Umhlahlandlela Wokuhlola kanye nezinye izinsiza-kufundisa uma befundisa noma behlola umsebenzi.

<b>AMAKHONO</b>	<b>INGQIKITHI YESIVIVINYO</b> Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi:	<b>AMAKHONO AHLOHLWAYO</b>
<b>UKUFUNDA NEMISINDO</b>	ukubona imisindo enhlamvumbili ISBN.sh, th, ch (Ithemu 1).	Ukusebenzisa izithombe ukubuza imibuzo emayelana nemisindo.
	ukusebenzisa umsindo kangwaqa wokuqala nowokugcina ukwakha amagama.	Ukubhala igama lesithombe.
	ukubona umsindo ohambisana nomusho onikeziwe ISBN amasiko, amasondo, amasango, amasongo. (Ithemu 1).	Ukusebenzisa ongwaqa nonkamisa ngokufanele.
	ukubona imisindo nezinhlamvu zamagama ukuze amagama akhe umqondo. (Ithemu 3)	Ukukhetha imisindo efanele emsebenzini abayinikeziwe.
	ukubona imininingwane yomqondo osemqoka kulokho abakufundile	Ukunikeza indaba isihloko esifanele.
	ukubona imininingwane yabalingiswa abasemqoka kulokho abakufundile.	Ukutomula ulwazi etheksthini abayinikeziwe.
	ukubona imininingwane yesizinda kulokho abakufundile.	Ukutomula ulwazi etheksthini abayinikeziwe.
	Ukubona ukulandelana kwezigameko endabeni	Ukfaka izinombolo emishweni ziveze ukulandelana kwezigameko endabeni.
	ukufunda itheksthi bese eveza ubudlelwano phakathi kwesisusa nomphumela.	Ukukhombisa ukuqonda ubudlelwano phakathi kwesisusa nomphumela.
	ukuphendula imibuzo esezingeni eliphezulu emayelana netheksthi efundiwe.	Ukukhombisa ukuqonda isiphetho sendaba.
ukuchaza ukuthi yini akuthandile nangakuthandile anike incazeloyalokho.		Ukuchaza ukuthi yini akuthandile nangakuthandile anike incazeloyalokho. “Ngiyithandile indaba ngoba ...”
ukubona okufanayo. (Ithemu 2 Ukulalela nokuKhulumo)		Ukusebenzisa okufanayo.

<b>AMAKHONO</b>	<b>INGQIKITHI YESIVIVINYO</b> Ukuhlola ukuthi umfundi uyakwazi:	<b>AMAKHONO AHLOHLWAYO</b>
	ukubona okwehlukile. (Ithemu 2 Ukulalela nokuKhuluma)	Ukusebenzisa okwehlukile.
	Ukuhumusha ulwazi olusethebulini.	Usebenzisa ulwazi ethebulini (Isbn. ikhalenda noma igrafu) ukuphendula imibuzo.
<b>UKUBHALA</b>	ukusebenzisa izabizwana ngokufanele Isbn. bona, thina, bona, mina, wena njli.	Ukukhetha isabizwana esifanele esikhalieni esishiywe emshweni.
	ukusebenzisa inkathi edlule elula ngokufanele.	Ukuphinde ubhale umusho awunikeziwe ube senkathini edlule efanele.
	ukusebenzisa inkathi ezayo elula ngokufanele.	Ukuphinde abhale umusho awunikeziwe ube senkathini ezayo efanele.
	Ukusebenzisa izimpawu zokuloba ngokufanele ( usonhlamvukazi, unqqi kanye nombuzi)	Ukuphinde abhale umusho awunikeziwe asebenzise izimpawu zokuloba ngendlela efanele.
	Ukusebenzisa amabizo ngokufanele.	Ukubhala ibizo ngokufanele
	Ukubhala imisho elula ngesithombe asinikeziwe.	Ukubhala isigaba ngesithombe esinemisho ephakathi kweyisi- 5 kuya 8.

- Imaki lokugcina lo mbuzo 16 liqukethe okulandelayo:  
Imaki lengqikithi + uhlelo/ izimpawu zokuloba = Amamaki ama-5.

Ungawanaki amaphutha esipelingi.

IRUBHRIKHI YOMBUZO 16		
INDLELA YOKUHLOLA	INCAZELO	AMAMAKI
<b>Ingqikithi (Amamaki aphezulu ma- 3)</b>	Akukho mzamo awenzile/ukopishe imiyalelo/ubhale igama, ibinzana lamagama, noma ingxene yomusho/ umusho owodwa noma engaphezulu engazwakali / ubhale umusho owodwa ongahambisani nesithombe.	0
	Ubhale imisho emibili noma ngaphezulu engahambisani nesithombe/Ubhale umusho owodwa kuhela ohambisana nesithombe.	1
	Ubhale imisho emi-2 kuya 4 ehambisana nesithombe.	2
	Ubhale imisho ephakathi kwemi-5 kuya 8, ehambisana nesithombe.	3
<b>Uhlelo nezimpawu zokuloba (Amamaki aphezulu ma-2 )</b>	Amaphutha ayi-10 noma ngaphezulu ohlelo kanye noma ezimpawu zokuloba.	0
	Amaphutha ama-4 kuya 9 ohlelo kanye noma ezimpawu zokuloba.	1
	Amaphutha ayi-0 kuya 3 ohlelo kanye noma ezimpawu zokuloba.	2
<b>ISAMBA</b>	<b>Isamba samamaki anikezwayo: 5</b>	